Isifundo 2

**October 6–12*

Izimbangela Zeyanhlukwano

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Dut. 28:1–14, Jer. 3:14–18, Abahluleli 17:6, 1 Amakhosi 12:1–16, 1 Kor. 1:10–17, Izenzo 20:25–31.

Indimana Yekhanda:
" 'Ukuqala kokuhlakanipha kungukumesaba uJehova, nokumazi oNgcwele kungukuqonda.' " (Izaga 9:10, NKJV).

Ngokuphinda phinda abaprofethi beTestamente Elidala babebizela uIsrayeli ekulaleleni imiyalezo kaNkulunkulu. Ukungalaleli kanye nobudedengu kwakuzoholela ekuhlubukeni nasekwehlukaneni. Ukulalela imithetho kaNkulunkulu kwakuhloswe njengendlela yokuvikela abantu emiphumeleni yesono kanye nesakubangcwaliseni phakathi kwezizwe eziningi. Ukulandela intando kaNkulunkulu kwakuzodala ukuzwana phakathi kwabantu futhi kuqinise ukuzimisela kwabo njengomphakathi ukumelana nokungenelela kwemikhuba yobuhedeni eyayibazungezile kanye nokukhonza okubi okwakubakakile nkalo zonke. Inhloso kaNkulunkulu kwakungeyokuthi abantu Bakhe babengcwele futhi babe ngubufakazi ezizweni ezibazungezile. Njengalokhu iNkosi yayishilo kubo ngemuva kokukhulula amaHeberu eGibhithe: " 'Bhekani, nginifundisile izimiso nezahlulelo njengokuyala kukaJehova uNkulunkulu wami ukuthi niyakwenza kanjalo phakathi kwezwe eningena kulo ukulidla. Ngalokho manizigcine, nizenze, ngokuba lokhu kungukuhlakanipha kwenu nokuqonda kwenu emehlweni ezizwe eziyakuzizwa zonke lezi zimiso, zithi: 'Impela lesi sizwe esikhulu singabantu abahlakaniphileyo nabaqondileyo" ' " (Dut. 4:5, 6, NKJV). Ngokungabazi: uma beqhubeke nokwethembeka, abantu Bakhe babeyobusiswa kakhulu futhi babeyisibusiso kwabanye. Ukungathembeki, nokho, kwakuzoholela ezinkingeni eziningi, ukungabi munye kungenye yazo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-October 13.*

“Buyani, Bantwana Abahlubukileyo”

Umlando wabantu bakwaIsrayeli ugcwele izindaba zokungalaleli kanye nesiphithiphithi, kulandele ukubuyela kuNkulunkulu kanye nokulalela, bese kulandela futhi ukungalaleli kanye nokungquzulana okwandile. Lomkhuba uyaziphinda kaningi-ningi. Njalo uma abantu bakaNkulunkulu belandela intando Yakhe ngenhloso, babebusiswa ngokuthula nangempilo. Kuthi uma bengalalelanga futhi benza ngokuthanda kwabo, izimpilo zabo zaziba nosizi, olugcwele izimpi nokungquzulana. Nangaphambi kokuba uIsrayeli angene Ezweni Lesithembiso, uNkulunkulu wayeshilo ukuthi lomkhuba uzokwenzeka futhi wamnikeza isisombululo sokugwema imiphumela emibi ngobukhona babo.

Funda uDuteronomi 28:1-14. Yiziphi izibusiso uIsrayeli ayezozithola uma abantu babelalela intando kaNkulunkulu na?

Funda uJeremiya 3:14-18. Yini esiyifundayo obizweni lukaNkulunkulu kuIsrayeli lokuba baphenduke futhi babuyele Kuyena na? Lokhu kusitshelani ngothando lukaNkulunkulu kanye nokubekezelela abantu Bakhe na?

Okumagalisayo encwadini kaJeremiya yindlela uNkulunkulu abonakala njengothandayo, onesihawu, futhi nesihe ngakubantu Bakhe nakuba behlubukile, bengemunye, futhi bekhonza izithombe. UNkulunkulu ulokhu emema abantu Bakhe ukuba babuyele Kuye futhi baphenduke ezenzweni zabo ezimbi. Ngokuphindelela uNkulunkulu wathembisa ukuvuselela nethemba ngekusasa. “ ‘ “Buya wena Israyeli ohlehlayo,’ usho uJehova; ‘angiyikuninyakamela, ngokuba nginomusa,’ usho uJehova; ‘angiyikugcina intukuthelo kuze kube phakade. Yazi kuphela ububi bakho ukuthi uphambukile kuJehova uNkulunkulu wakho, wazihlakaza izindlela zakho kubo abezizwe phansi kwayo yonke imithi eluhlaza; anililalelanga izwi lami,’ ” usho uJehova.’ ” (Jer. 3:12, 13, NKJV). Amazwi kaJeremiya akhulunywa ngesikhathi sokunganakwa kweZwi likaNkulunkulu. Nakuba izimvuselelo ezithile zaziqalwe ngesikhathi seNkosi uJosiya, Iningi labantu lalingenawo umuzwa wezikamoya wokuqhubeka nokulalela uNkulunkulu ngokwethembeka. Izono zabo, ukukhonza kwabo izithixo, kanye nezimpilo zabo ezinomina zazibanga ukushabalala kwezikamoya nezombusazwe. Ngokuya beqhela ekwenzeni intando kaNkulunkulu, ngokuya lisabeka ikusasa labo. Kepha, ngoJeremiya, uNkulunkulu wabancenga. UNkulunkulu wayenekusasa elingcono emqondweni Wakhe ngabo, wayelangazelela ukubabuyisela ekunotheni, ebunyeni, kanye nasempilweni. Kodwa lokhu kwakungenzeka kuphela uma bengaphila ngokholo kanye nakho konke okuhambisana nokholo lweqiniso.

Yimuphi umehluko phakathi kokulalela nokungalaleli okukwenzile empilweni yakho na?

Elungile Emehlweni Akhe

Izindaba eziphuma encwadini yaBehluleli zibonisa imiphumela eminingi emibi kuIsrayeli ngokungalaleli intando yeNkosi. Kungekudala emuva kokuba uIsrayeli engene eKanana, abantu baqala ukulinganisa izimpilo zabo kwezikamoya nezinkolo zamanga zabaseKanana ababebazungezile—lokhu kanye ababetshelwe ukuba bangakwenzi! Ngeshwa, lokhu kwakungeyona kuphela inkinga ababebhekene nayo.

Funda Abahluleli 17:6 kanye no-21:25. Lezizindimana zisifundisani mayelana nenkinga eyaqubuka phakathi kwabantu bakaNkulunkulu na?

_____

Khuluma ngesisekelo sokwehlukana kanye nokungabi munye phakathi kwabantu bakaNkulunkulu. Ubunye besizwe babumele butholakale ekulaleleni kwabo isivumelwano seNkosi, isivumelwano ababengene kuso NoNkulunkulu. Ngokwenza, nokho, lokho okulungileyo emehlweni abo—ikakhulu njengalokhu babethelelwa yizizwe ezibakakile—babesendleleni eqinisekile yokubhubha. Sonke siyizidalwa eziwileyo, futhi uma singayekelwa entandweni yethu, uma singayekelwa ekulandeleni izinkanuko zenhliziyo yethu, ngokuqinsekile singaphuma endleleni uNkulunkulu asibizele ukuba sihambe kuyo.

Izahluko ezilandelayo zisitshelani ngezimo zikamoya kanye nezenhlalakahle kwaIsrayeli ngesikhathi sabehluleli na?

Judg. 2:11–13_____

Judg. 3:5–7_____

"INkosi ngoMose yayibeke phambi kwabantu Bayo imiphumela yokungathembeki. Ngokungafuni ukugcina isivumelwano Sayo, babezozikhipha empilweni kaNkulunkulu, futhi izibusiso Zakhe zazingeke zize kubo. Ngezinye izikhathi lezizixwayiso zazilalelwa, futhi izibusiso ezinothile zithelwe phezu kwesizwe samaJuda futhi ngaso nakwezinye izizwe. Kodwa ngokuvamile emlandweni wabo babekhohlwa nguNkulunkulu futhi bangaliboni ilungelo labo elikhulu lokuba ngabameli Bakhe. Babemphanga inkonzo ayeyifuna kubo, futhi bephanga nabaphila nabo ukubabonisa kwezenkolo kanye nesibonelo esingcwele. Babefisa ukuzitamuzela ngokwabo izithelo zomvini okwakumele bewulondile. Umhawu wabo nomhobholo wabenza baba yisinengiso kubahedeni. Ngalokho abeZizwe bathola ithuba lokungasihumushi ngokufanele isimilo sikaNkulunkulu kanye nemithetho yombuso Wakhe."—Ellen G. White, *Prophets and Kings,* pp. 20, 21.

Izenzo zethu njengebandla zibathinta kanjani abasizungezile na? Babonani kuma-seventh-day Adventist engabathinta ngendlela efanele na?

Ukwehlukana Kwesizwe SamaHeberu

Indlela yokuhlubuka, kanye nemiphumela yayo ebucayi, ayenzekanga ngokushesha. Kodwa ukukhetha okungalungile kanye nezinqumo ezimbi ezathathwa esikhathini eside kwagcina kuholele kwimiphumela emibi kubantu bakaNkulunkulu.

Funda indaba yeNkosi uRehoboam ku 1 Amakhosi 12:1-16. Yini eyabangela lokhu kwehlukana okubi kubantu bakaNkulunkulu na?

"Ukube u-Rehoboama kanye nabeluleki bakhe abangenamava babeqonde intando engcwele ngoIsrayeli, babeyolalela isicelo sabantu sezinguquko ezinqala embusweni. Kodwa ngehora lethuba elafika kubo emhlanganweni wase-Shechem, behluleka ukucabanga ngemiphumela, futhi ngalokho bathena amandla ingunaphakade ithonya labo kubantu abaningi. Ukuzimisela kwabo ukuqhubeza kanye nokwandisa ingcindezi eyayiqale ngesikhathi sokubusa kukaSolomoni kwakumelene ngqo necebo likaNkulunkulu ngoIsrayeli, futhi kwanikeza abantu ithuba elanele lokungabaza ukwethembeka kwezinjongo zabo. Kulokhu kuzama okungaphusile nokungenazwelo kokusebenzisa amandla, inkosi kanye nabeluleki bayo bembula ukuzigqaja ngesikhundla kanye negunya."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, p. 90.

Izisho ezilandelayo zithini ngesidingo senhlakanipho ekwenzeni izinqumo ezilungileyo na? Yini umsuka wenhlakanipho yeqiniso na?

Zaga 4:1–9 _____

Zaga 9:10 _____

Jakobe 1:5 _____

Indaba ka-Rehoboam kanye nesinqumo sakhe esisheshayo nesingaphusile sokwenza abantu bakhe izisebenzi yisigameko esidabukisayo empilweni yombuso wakwaIsrayeli. Inkosi yafuna iseluleko kumaqembu amabili abaeluleki, kodwa isinqumo sayo sokugcina sokulandela iseluleko sabantu abasha abangenamava abalingana naye saletha inhlekelele embusweni uyise uSolomoni kanye nomkhulu wakhe uDavide ababewakhe eminyakeni engu-80 eyandulelayo. Iseluleko sokuthi inkosi mayesabise isixuku ngokumemezela ukuthi yona yayizoba lukhuni kunoyise sasiwubuwula. Abaluleki abasebasha babekholwa ngukuthi ukuzwelana nezimfuno zabantu zokwehliselwa umsebenzi kwakungebona ubuholi inkosi okwakumele ibuthathe. Kwakumele, ngokusho kwabo, izethule njengenesihluku. Ekugcineni, waziveza njengesiqhwaga futhi njengongafanele ukulandelwa ngabantu bakhe. Ngalokho, ukwehlukana kwenzeka phakathi kwabantu bakaNkulunkulu okwakungamele kwenzeke nokwakungeyona inhloso kaNkulunkulu ngabantu Bakhe.

Umsansa EKorinte

Ngeshwa, udaba lokungabi munye phakathi kwabantu bakaNkulunkulu alugcinanga ngezikhathi zeTestamente Elisha. Ngokwesibonelo, izahluko zokuqala ezine zencwadi yokuqala kaPawule kwabaseKorinte ziwubizo lobunye. Ngenkathi eseEfesu uPawule wayezwe ukuthi ukwehlukana kwakuqubuke ebandleni laseKorinte. Ngalokho, uqala incwadi yakhe ngenkulumo ende ebhekise ebunyeni bebandla kanye nesidingo sokugwema umsansa. UPawule unomthwalo ngalokho okwenzekayo, futhi ufuna ukuhlinzeka ngeseluleko esiphefumulelwe sokwelapha lesisimo esingesihle.

Ngokwabase 1 Korinte 1:10-17, yini ekubukeka kuyimbangi yalokhu kwehlukana, nokungabi munye kanye nokuxabana na?

UPawule waba nomthwalo ngabazalwane nodade bakhe eKorinte ngenkathi othile kubantu baka-Chloe emtshela ngokwehlukana kanye nokuxabana phakathi kwabo. Amazwi akhe okuvula aveza ukudepha kokukhathazeka kwakhe: “Kepha ngiyanincenga, bazalwane, ngegama leNkosi yethu uJesu Kristu ukuba nikhulume zwilinye nonke, futhi kungabikho ukwahlukana phakathi kwenu.” Isisombululo sakhe kwakungesokubakhumbuza ukuthi, njengamaKristu, babehlanganiswe “emqondweni munye nasekuboneni kunye” (1 Kor. 1:10, NKJV). Noma ngabe kwakuyini ngempela eyayibanga ukungezwani nokwehlukana, uPawule Wayefuna kuphele. UPawule ukhumbuza abaseKorinte ngokuthi amaKristu abizelwe ukulandela uKristu, hhayi umuntu—nakuba enethalente noma isiphiwo noma ubizo olunjani lowo muntu. Nakuba bebonakala behlukene ngokwama “qembu,” umpostoli wakubeka kwaba sobala ukuthi lokhu kwehlukana kwakungahambisani nentando kaKristu. Waqinisa ubunye bobuKristu obugxile kuKristu kanye nomhlatshelo Wakhe esiphmbanweni (1 Kor. 1:13). Ubunye bobuKrsitu buthola umsuka eqinisweni njengalokhu litholakala kuJesu Kristu ebethelwe, futhi hhayi komunye umuntu, nakuba lowo muntu “efaneleke” kanjani njengomshumayeli noma umholi. Phambi kwesiphambano sonke simi endaweni elinganayo. Ukubhabhathizelwa kwethu kukuJesu, okunguye kuphela ongasihlanza esonweni. Nakuba kunjalo, kumele sisebenzele lobubunye kuKristu ngezindlela eziphathekayo. Lokhu kumele kuthi kithina njengama-Seventh-day Adventist, asikwazi ukuba budedengu ngobunye bethu enkolweni kanye nangokuthunywa. Ukwehlukana kanye nezingxabano zingadicilela phansi ubunye bebandla lethu namuhla ngaphandle kokuba uthando nobukhosi bukaKristu busihlanganisele Kuye.

Singafunda kanjani ukugwema izingozi ezifana nalezi uPawule ayebhekene nazo lapha na? Kungani njalo kumele siqaphele ngokuzinikela esikunekeza kunoma ngubani ngaphandle kukaKristu na?

“Kofika Izimpisi”

Funda iZenzo 20:25-31. UPawule wayebaxwayisa ngani abadala baseEfesu na? Yini okwakumele bakwenze ukugwema lokhu na?

Ngesikhathi sokusebenza kukaPawule wayevame ukubhekana nabamelana naye, futhi wayazi ukuthi kuzobalukhuni ukulonda ubumsulwa bevangeli likaJesu Krsitu. Ekuvaleliseni kwakhe abadala baseEfesu watomula kumfanekiso womlindi kuEzekeli 33:1-6 ukutshela abaholi kanye naye ukuthi babenomthwalo wokulonda ivangeli. Kwakumele babe ngabelusi abathembekile emabandleni abo. Ukusebenzisa kukaPawule isisho “izimpiso ezihahayo” ukuchaza abafundisi bamanga (Zenzo 20:29, NKJV) kusikhumbuza ngesixwayiso esifanayo sikaJesu sokuthi abafundisi bamanga babezofihla ngesikhumba semvu (Mat. 7:15). Laba bafundisi bamanga baqubuka ngemuva kokuba uPawule ekhiphe lesisixwayiso, futhi bahlasela amakholwa amabandla ase-Asia ayewasungulile. KwabaseEfesu 5:6-14 nakwabaseKholose 2:8, sibona ezinye izixwayiso zikaPawule kumabandla ase-Asia Minor. Encwadini yakhe yesibili kuThimothewu, uPawule futhi uxwayisa uThimothewu, obheke ibandla lase-Efesu, ngamanga ebandleni kanye nokungabi naNkulunkulu kwezinsuku zokugcina.

Funda u-2 Thimothewu 2:14-19 kanye no 3:12-17. Uthini uPawule kuThimothewu mayelana nendlela yokumelana nabafundisi bamanga kanye nokulonda ubunye bebandla na?

Okokuqala, uThimothewu kumele alazi iBhayibheli lakhe, “aqondise kahle izwi leqiniso” (2 Tim. 2:15, NKJV). Ikhambi lalokhu kuxabana nokuhlawumbisela kungukuqonda kahle kanye nokufundisa ngezwi elinikeziwe likaNkulunkulu. Amaqiniso eBhayibheli kumele ahumushwe ngokufanele ukuze kungabi nengxenye yeMibhalo ephikisana nomfanekiso wonke owethulwe eBhayibhelini, futhi nokugwema ukungahumushwa ngokufanele okungase kwenze othile alahlekelwe wukholo kuJesu. Okungenamsebenzi kanye nokungabalulekile kumele kube ngaphansi kwezimiso Zezwi likaNkulunkulu okuyilona elingalungiselela amakholwa ukuba aphile impilo yokunqoba kuKristu. Isincomo sesibili sikaPawule ngesokuthi uThimothewu uqobo “agweme inhlamba kanye nokukhuluma okuyize” (2 Tim. 2:16, NKJV). Izihloko ezingabalulekile nezihlawumbiselayo akumele zibe yingxenye yokufundisa kukaThimothewu uma kumele abonakale efanelekile futhi ethembekile njengomfundisi. Lezizingxoxo ziholela kuphela ekungabini naNkulunkulu futhi azilondli ukholo lwamakholwa (2 Tim. 2:16). Iqiniso yilona kuphela eliholela kubunkulunkulu nasekuzwaneni kumakholwa. Isizathu sokuthi uThimothewu kumele agweme futhi akhuthaze abantu bakhe ukuba bagweme lamanga ngesokuthi angena ebandleni njengesifo (2 Tim. 2:17). Ekugcineni, ukulalela Izwi likaNkulunkulu yilona khambi lezimfundiso zamanga (2 Tim. 3:14-17) ezibeka ubunye bebandla engozini.

Cabanga Kabanzi:

Ellen G. White, "The Rending of the Kingdom," pp. 87–98, in *Prophets and Kings*; "A Message of Warning and Entreaty," pp. 298–308, in *The Acts of the Apostles*. "INkosi ifisa ukuthi izinceku Zayo ezikhethekileyo zifunde ukuba munye nokusebenzisana ngokuzwana. Kungabukeka kwabanye sengathi ukuqhathaniswa kwezipho zabo kanye nezabanye abasebenza nabo kakhulu ukuba babemunye ekusebenzeni ngokuzwana; kodwa uma bekhumbula ukuthi kunemiqondo ehlukahlukene okumele ifinyelelwe, nokuthi abanye bazolinqaba iqiniso njengalokhu lethulwa yinceku, ukuba bavule izinhliziyo zabo lapho lethulwa ngendlela ehlukile ngenye inceku, kunethemba lokuthi bangasebenzisana ngobunye. Amathalente abo, nakuba ehlukene kangakanani, onke angaba ngaphansi kokulawulwa nguMoya ofanayo. Kulo lonke izwi nakuso sonke isenzo, ubumnene nothando kuyokwembulwa; futhi lapho umsebenzi ngamunye egcwalisa indawo yakhe ngokwethembeka, lowo mkhuleko kaKristu wobunye babalandeli Bakhe uyophenduleka, futhi nezwe liyokwazi ukuthi laba ngabafundi Bakhe."—Ellen G. White, *Gospel Workers*, p. 483.

Imbuzo Yokuxoxisana:

1. Umbuzo wokwenza lokho okulungileyo "emehlweni akho" awumusha. Impucuko, ebeka inselele emqondweni wanoma yiliphi igunya elengamele lokuziphatha kanye nenhlakanipho, ingaphendla indlela yokungalawuleki iBhayibheli elixwayisa ngakho. Thina njengamaKristu, nanjengebandla lonkana, sibhekana kanjani nalenselele na?

2. Zindla ngendaba yeNkosi u-Rehoboam kanye nokwehlukana kukaIsrayeli (1 Amakhosi 12). Sithola ziphi izifundo kuyona namuhla na?

3. Yini engenziwa ngabaholi kanye namalungu ebandla ukulekelela ekugwemeni ingxabano nokucwasana ebandleni uma kuqubuka na? Kubaluleke kangakani ukuvimbela lezizinto ngaphambi kokuba zikhule futhi zibe yisihlava na? Thina njengamalungu ebandla singaqikelela kanjani ukuba singaweli kumgibe abathile eKorinte abawela kuwo na?

4. Fundisisa indikimba yesahluko ngokungezwa kwiZaga 6:16-19. Yini oyifunda kulokhu kokugwema ukungezwani ebandleni okulo na?

Kafushane: EBhayibelini sithola izimo ezaholela ekungabini munye. Ngenkathi abantu bakaNkulunkulu bephila ngokulalela okwethambekile, izingozi zokungabi munye zazinciphe kakhulu. Izibonelo kusukela ngezikhathi zaBehluleli kanye nangesikhathi sokubusa kuka-Rehoboam zavula intuba yokwehlukana. Nasezikhathini zeTestamente Elisha, amathuba okwehlukana ayesekhona. Ukuqondisisa Izwi likaNkulunkulu kanye nemizamo engcwalisiwe yokulilalela yizivikelo ezinhle kunazozonke zokungezwani nemisansa phakathi kwethu.